

UMPHUMULO HOSPITAL



Vision of an Eagle

NHLOLANJA kuya ku MBASA 2005

EZIVELA KUMPHATHI WESIBHEDLELA...

INSIDE THIS ISSUE:

- *Umpathi wesibhedlela* **1**
- *Amabhovisi amasha* **2**
- *Uqeqesho lwabasebenzi (abahlengikazi)*
- *ezivela kolapha ukukhuluma nokuzwa* **3**
- *Usonhlalakable*
- *Ukubhukunyezwa kwabesifazane* **4**
- *Ezenjabulo*



Ngithatha leliithuba ukwamukela bonke abasebenzi abasha. Njengoba nibona ukuthi absika sebuyangena kodwa utshani nezihlahla kusakuhlaza. Thokozelani ke ubuhle, noku-zotha bemvelo.

Isibhedlela zibhekene nezingqinamba ezingana kodwa enkulu kunazo zonke ukungabi nendawo eyanele . Lokhu kuyinqinamba enkulu kabi ngoba asikwazi ukunikeza usizo oluseqophelweni eliphezulu. Ukubhanqa izingane emibhedeni yazo akuvumelekile, kodwa kusenzeka. Neminye imigudu yesibhedlela iyalimala ngokungabi nendawo eyanele yokusebenzela ngoba abanye bahlala ngabane ehhovisini elincane. Abahlengikazi nabo bahlala ngababili nangaphezulu okudala izinkinga.

Ngikhuluma ngalezindaba nje ngoba nginezindaba ezimnandi, zokuthi ekugcineni ithenda seliphumelelisiwe ukugqala ukwakha izindlu zabahlengikazi. Khona maduze nje, sizobe sesibona ngogandaganda nezitini nokuphithizela

okuningi lapho ekwakhiwa khona. Ngalolosuku kuyomele kukikizwe impela! Ezinye izindaba ezinhle ezokuthi sekuzokwakhiwa igumbi lapho abalimele befikela khona, igumbi lokuhlizela, igumbi lezidumbu nalo kungenzeka lakhiwe.

Isicelo sesifakiwe segumbi leziguli eliyiParkhome enemibhedengamashumi amathathu nesithupha elizosetshenziswa abesifazane. Uma sesilitholile bese sigudluzwa igumbi lezingane naleli abantu abafikela kulo ukuthi kuvuleke indawo yabasebenzi neziguli zethu. Phela lokhu okwesikhashana sisalinde izakhiwo.

Okokugcina ngibonga bonke abasebenzi ababekezele futhi abasabekezelela ukusebenza ngaphansi kwezimo ezingagculisi. Ngicela nibekezele sekuzolungu. Ngicela ukubona futhi izimemba zebhodi lesibhedlela ngokuphonsa itshe esivivaneni, nomphakathi wakwaMaphumulo ngokusebenzisa amabhokisi emibono nemihlangano ukusazisa ngezinto ezibakhathazayo ngesibhedlela.Samukela inamhla nekusasa ngenjabulo.

Khumbula: "Izifiso zakho zakusasa, ziyakuvimbela ekutheni ungakhathazeki ngalezi ezingaphumelelanga"

Umbhali akaziwa

Nkkz T.D. Chiliza

Umpathi wesibhedlela

UMCABANGO WOSUKU

UMHLABATHI NETSHE

Abangane ababili babehamba ehlathini. Phakathi nohambo lwabo baxabana omunye washaya umngane wakhe ngempama. Lo oshayiwe akazange athi vu, wabhala phansi esihlabathini wathi:

NAMHLANJE UMGANE WAMI OMKHULU UNGIYASHILE.

Baqhubeka nohambo lwabo baze bathola isiziba lapho abafika bageza khona.

Umngani oshayiwe wabambeka wacishe waminza, umngane wakhe wamsiza wasinda. Ekusindeneni kwakhe wabhala etsheni :

NAMHLANJE UMGANE WAMI OMKHULU USINDISE IMPILO YAMI .

Umngane wakhe wambuza ukuthi kwenziwa yini uma emphathe kabi abhale emhlabathini kodwa uma emjabulisile abhale etsheni. Waphendula wathi: Uma umuntu ekuphatha kabi wobhala lokho emhlabathini lapho kuzopheshulwa umoya wokuxolelana, kodwa lapho umuntu ekwenza okuhle ubobhala etsheni lapho kungeke kuze kupheshulwe moya.

FUNDA UKUBHALA OKUBI EMHLABATHINI, OKUHLE ETSHENI.

Umbhali akaziwa

IZIMEMEZELO

- Sicela nisixhase ngezincwadi zokufunda ezizoba kumtapo lwazi lwethu (thintana ne PRO u Sandra)
- Izinkonzo zisekhona futhi ziyaqhubeka niyamenywa ngobuningi benu. Ziba njalo ngolwezibili e Chapel noma kwelinye lamagumbi eziguli. Isikhathi kusayilo ihora lesikhombisa ntambama.
- Sisaqoqa amathoyizi nezingubo zezingane nomphakathi jikelele. Bonana no Sandra Xulu

ABASEBENZI ABASHA NABASHONILE

ABASEBENZI ABASHA

NHLOLANJA

Xulu S.J- Umhlengikazi
Xaba N.S.- Umhlengika
Khumalo N.—Umhlengikazi

MBASA

Mpungose S.Z. -

Maphumulo L.N.-Umsizi womhlengikazi

ABASEBENZI ABASHONILE

NHLOLANJA

Zubane T.P.
Mthiyane S.E.
Mbesi M.Z.
Khumalo S.D.

Mathenjwa H.P.
Zungu P.G.

NDASA

Gumede S.

MBASA

Xakaza S.M.

SEKUYELA NGAKHONA...



Kumbelwa amahhovisi

Kufuze ukuba niyabona ubutata ngezakhiwo lapha esibhedlela. Sizama ngawo wonke amandla ethu ukuthi isibhedlela sihlala sibukeka.

Sekukhona ihhovisi elisha eliqedwe ukwakhiwa ngoNdasa, seliyasebenza manje.

Sekufakwe ngisho amatiles phansi e gumbini labesimame abalalisiwe kanye nendewo iziguli ezifikela khona (OPD), igumbi labantwana, igumbi lokubelethela nasekhishini lokulungiselela ukudla kweziguli.

Negumbi lokuhlinzela nalo lisalungiswa sethembe ukuthi lizoba sesimweni sokusebenzela khona maduze nje.

Sicela nikhumbule bakithi ukuthi emhlanganweni wabasebenzi sasicacisile ukuthi thina njen-gabaphathi besibhedlela asinawo amandla noma imali yokwakha izakhiwo zezibhedlela. Umnyango wezokwakha omele ukwenza lowo msebenzi hayi thina uqobo. Thina nje sifaka isicelo sokwakhiwa bese sishiya ezandleni zalowomnyango usu-shushiswa ithimba elimele ukwakhiwa kwezibhedlela.

Ningadidwa yilezizakhiwo ezikhona manje ezohamba nenndwana (parkhomes), lezi ziyashesha ngoba Umnyango wezempilo iyazifakela izicelo kwi nkampani enenkantilaki. Lama bhilidi noma izakhiwo zifika vele sezakhiwe bafike nje bandlalele bese beyazibeka, azidingi amapulani nacho konke okud-

ingekayo uma kwakhiwa.



Amahhovisi amasha



Enye yezindlu ezimbili zokuhlala

UKUQEQESHWA KWABASEBENZI- MNUZ. MAGWAZA

*“Asisekele ozakwethu,
sibathande namalunga
emindeni yethu
abanegciwane futhi
sithembele kubo”*

UMnz. Magwaza uthanda ukwethula loluhlelo olusha lokuqeqeshwa kwabahlengi-kazi. Ngicela ukubonga kakhulu abaphathi ngokusicabangelela indawo lapho sizobenzela khona njenge gumbi elikhulu elanela wonke umuntu. SIYABONGA!

Ngiyazi ngokushoda kwabasebenzi emagumbini esibhedlela, kodwa bengicela

Ukuba abasebenzi bazinike isikhathi sokuzoqeqeshwa njengoba umuntu ngamunye ezothola ukuzithuthukisa.

Abaphathi noma bangathumela nje umuntu oyedwa ofanele kulungile.

Lowo muntu naye aqhubeke afundise abanye egumbini lakhe nasezigulini ngazo

Izonke izinyanga. njongo yethu ukuthuthukisa izinga lethu lokuhlenga, libe seqophelweni eliphezulu.

Ukubambisana kwethu kuyothokozelwa kakhulu.

EZIVELA KUZONHLALAKAHLE

*“Uma ukwazi ukuya
emahvisini
ezonhlalakahle,
ungakwazi ukuya
emsebenzini”*

Al Capp

Sekujwayelekile ukuthi njalo umuntu mayezwa kuphathwa elezonhlalakahle, acabange imali yomholo kahulumeni noma yempesheni. Vele siwononhlalakahle nje, sisebenzisana kakhulu nomphakathi ukunciphisa indlala nobuphofu, ngayo lemali eholwayo, kodwa futhi kufuneka siqaphele ukuthi isebenziseka kubantu abayidingayo ngempela. Lemali iwusizo kakhulu kumphakathi kulesisikhathi

esiphila kuso.

Kumele sizame ukugququzela abantu bakholelwe kubona, nokuthi ayikho into umuntu angeke akwazi ukuzenzela yona. Bangakwazi, ukuthi nje abantu uma bebhekene nezinkinga bavele balahle ithemba bese bebheka ukwenzelwa. Sengikengahlangabezana

Nabantu abanjalo lapha esib

hedlela abacabanga ukuthi kufanele behlala be-datshukelwa ngaso sonke isikhathi ikakhulukazi labo abanegciwane lengculazi.

Ukuba negciwane akusho ukuthi udinga ukucatshangelwa njalo, vele usuke edinga ukusekelwa lowo muntu, kodwa kukuyena ukwamukela isimo akuso ngokwenza okuvumelana naye futhi okuzomsiza

OPHETHE EZOKUKHULUMA NOKUZWA

Ngokubona umncintiswano wamakwaya ususondele, ngike ngayobabona laphaya e Chapel bezilolonga ngase ngibona kunesidingo sokuthi ngibhale ngokunakekela izwi lakho nokwami njengomuntu obhekeleno nazo eziphathelene nokukhuluma phela. Lokhu ngeke kusize nje abaculi kuphela kodwa wonke umuntu jikelele uzosizakala ikakhulukazi labo abakhulumela phezulu uma bekhuluma nsukuzonke njengothisha, abefundisi, osomapolitiki, abameli njalo njalo.

KWENZEKANI EMPHINJENI UMA NGIMEMEZA NOMA NGITHETHA?

Uma ujwayele ukumemeza uthetha, lapha emphinjeni kuyonakala, lapho ekuphuma khona izwi lakho.

Uma umemeza lapha ekuphuma khona izwi lakho, izinyama nemisipha iyasondelana ngenkani ilapho ke inkinga isiqala. Uma ungakwelaphi lokhu, kungaba yingozi engadala umonakalo omkhulu kabi ngezwi lakho.

NGINGAZIVIKELA KANJANI?

Zikhona izindlela ongazisebenzisa uma ukhuluma endaweni enomsindo ngaphandle kokwenyusa izwi lakho.

⇒ **Sebenzisa ukwenza**

noma okuthile ukuthola ukuzwakala

Othisha bangasebenzisa impempe ukubiza izingane lapho zidlala khona, noma aphakamise izandla aziqhebebe ukuzitshengisa ukuthi azibuyele ekilasini.

⇒ **Yehlisa umsindo ngemuva**

Uma usekhaya yehlisa umsindo wewayilense noma umabonakude wakho uma ukhuluma nomuntu, uzame ukusebenzisa into eyodwa ngesikhathi uma inomsindo.

⇒ **Yehlisa ibanga phakathi kwakho nomuntu okhuluma naye**

Khuluma nomuntu osendaweni eyodwa naye kube khona inani elingangamagxathu ezinyawo ezithathu noma ezinhlanu uma ukhuluma nomuntu.

⇒ **Funda ukulalela**

Uma ucela umuntu ukuthi akaphinde akushoyo, noma ikanjani lowo muntu uzoliphakamisa izwi, ngaleyondlela azilimaze lapho ekuphuma khona izwi.

USONHLALAKAHLE UYAQHUBEKA

Asingalindeli ukuthi abantu basenzele izinto, ngoba singabantu nathi noma ingabe ngiyasazi isimo engikusona. Izingqondo zethu ziyasebenza njengabantu abangenalo ingciwane futhi kwesinye isikhathi sicabanga kangcono kabi kunabo. Abantu abanegciwane bayakwazi ukuzinakekeka ukuze bazigcine esimweni esihle sempilo. Abakundigayo nje ukusekelwa. Akubizi mali ukusekela uzak-

wenu uma esesidalulile isimo sakhe.

Abadingi sibakhiphe inyumbazane. Abadingi ukuthi sihlebe ngabo emakhaya, emahhovise nazo zonke izindawo esisebenzela kuzo. Kunaloko kufanele siziqhenye ngabo ngezibindi abasitshengisa zona zokuyohlola igazi bese bengazibulali sebetholile ukuthi banegciwane.

Asisekele ozakwethu, sibathande kanjalo namalunga emindeni yethu abanalo igciwane futhi sikholelwe kubo.

lyaphela

Ibhalwe ngu: Nokulunga Mthiyane

Usonhlalakahle

Inombolo yakhe :

(032) 481 4169

“nakelelani amazwi enu”

EZOKUKHULUMA NOKUZWA IYAQHUBEKA

⇒ **Gwema ukukhuluma ngezwi eligulayo**

Lokhu kuzokwenza umonakalo ubemkhulu kunakuqala kuphinde kuvikele ukwelulama ngokushesha

⇒ **Khuluma ngesizotha**

Lokhu kuzokusiza ukwehlisa ukuminyana kwezwi nokuthi abanye nabo balandele endleleni okhuluma ngayo.

⇒ **Qaphela izinto ezingalimaza impilo yakho okungagcina sekulimaze nomphimbo wakho**

Utshwala, ukubhema nokunye, zinakho ukomisa umphimbo, nesikusebenzisa emsebenzini nasemakhaya, neminye imithi inakho ukuphatha kabi izwi lakho.

NGINGENZENJANI UMA NGIPHATHWA ISIFO SEZWI?

Uma ubona ushintsho ngendlela abanye nawe uqobo becanga ngendlela izwi lakho elizwakala ngayo mhlawumbe lishintsha liba nesihosha, lihwaya, noma licinana uma ulikhipha bo-

nana dnodokotela. Udokotela yena usezokudlulisela kophathelene nokukhuluma namazwi kuphela. Uma lolushintsho liqhubeka ngaphezu kwamasonto amabili noma amathathu noma izwi lakho lisha liphela bonana nababhekene nalezinkinga. Kwenye inkathi lokhu kusuke kungalapheka nje kuphele kodwa kokunye kube into embi kabi.

NAKELELA IZWI LAKHO

Ibhalwe ngu: Lee-Ann Naidoo
Kwezokukhuluma nokuzwa

Izindaba zaseMphumulo

Private Bag X9219
Maphumulo
4470

Phone: (032) 481 4168
Fax: (032) 481 2203
Email: H043154@dohho.kzntl.gov.za

We're on the web!

[Www.kznhealth.gov.za/umphumulohospital.htm](http://www.kznhealth.gov.za/umphumulohospital.htm)

NO NEWS IS OLD NEWS



Khuluma ungaze ugcine ususejele e Westville: Ukuhlukunyezwa kwabesimame

Amasiko kithi bantu abamnyama adlala indima enkulu ekucabangeni kwethu. Uma ingane ikhula ikhuliswa ngazo lezizinkolelo, ukuziphatha, imithetho yomphakathi esuke ikhula kuwo. Yikho lokhu okwakha ukuziphatha nokucabanga komuntu ngempilo.

Uma umuntu wesifazane ekhula ufundiswa ukuthi umuntu wesifazane ahlale ezothile azithibe alalele atshelwa khona noma engahambisani nakho, ngeke akuphimise lokho, uzokugcina ngaphakathi kuye.

Ake uzibuze ke manje ukuthi yini amajele abenabantu besimame abansundu abadonsa izigwebo ezilinganiselwa emashumini amabili ngamacala okubulala abayeni babo. Konke kusuka emuva emasikweni ethu, ukuthula

nokuthula ngezinto ezimphatha kabi isikhathi eside, yikho lokhu okugcina sekumenze umbulali. Iningi labesimame abasemajele sebhulu kumezeke isikhathi eside nangezindlela eziningi nje ngokocansi, ukushaywa, ngokomqondo, nangemali omashihlalisane babo. Abanye babo banenhlanhla basaphila abesilisa babo abafa kuqala, kodwa laba abanye bona babulawa phambi kwezingane zabo, umphakathi ubuka futhi nabomthetho bazi.

Vele bangakwazi ukuziziba lezizelakalo kodwa ngeke isikhathi eside. Kuyazenzekela ukuthi agcine esenze into angeke akwazi ukuzikhuza kuyo, njengokubulala. Kumkhulule ukuthi ekugcineni ukuhlukumezeka kwakhe sekuze kwaphela. Ancamele ukushiya izingane zakhe ayoboshwa.

Kuyamangaza ukuthi labantu abahlukumezekayo, ababoni ukuthi bayahlukumezwa, basacabanga ukuthi kusaqhutshwa amasiko, kodwa futhi kolunye uhlangothi bathola ukwazi ukubekezela babenamandla.

Ngenkathi umqingo wokuhola izwe ushicilelwa ngo 1994 ngaphansi kuka Cyril Ramaphosa amalungelo abesifazane iwona ayebhekelelwe kakhulu. sesibavumele basithathise okwabantu abangenamizwa isikhathi eside. Asisukume manje sibabonise, sakhe umphumulo omusha singabesimame, noma siwahlonipha amasiko ethu kodwa alikho elivumela ukuhlukumezwa kwabesimame.

"WATHINTA ABAFAZI, WATHINTA IMBOKODWE"

Ibhalwe ngu:

Nokulunga Mthiyane

HALALA!!!!

ABAZALWAYO

NDASA:

Nkz T.D. Chiliza ngomhlaka 4
Mnuz. Sthembiso Zulu
ngomhlaka 10



Sihalalisela u Mnuz. Funo Xulu
no Nksz. Zanele Mthembu
ekubusisweni ngomntwana
wentombazane.

IMISHADO

Uyamukelwa endimeni yokuba
u baba Mnuz. P. Magwaza

UNksz Ntokozo
Shange naye
uyalandela
maduze nje.



Madoda ngiyethemba niyalisika
iphethini njalo!

SIYABONGA

uDkt. R.R. Padayachee, udokotela wamehlo eStanger usiphe izingubo zezingane ezintulayo nezinto zokudlala. Siyabonga kakhulu Nkz. Padayachee, Inkosi ikubusise nomndeni wakho.



U Sandra Xulu emukelisa u
Dokt. Padayachee ngeziphoo.

Ngicela imibono, izindaba zanoma uluphi uhlobo, eningafisa zishicilelwe ephephandabeni lethu. Ungabi namahloni, noma ungazidalulanga igama kulungile. Khumbulani ukuthi senza ngocono esinakho.

**Sandra Xulu
Ucingo 4190**

IZWI LOKUGCINA

Bozakwethu, uma nibuka lapha egcekeni, nizobona ukuthuthuka okwenzekayo. Kumele sibonge lapho sibona okuhle kwenzeka. Noma kuhamba kancane kodwa khona sizofinyelela lapho esiphokophelele khona.

Ngaphandle kwamahhovisi amasha, indlu yokuhlala yabahlengikazi iyakhiwa, futhi ngiyakholwa ukuthi uma isiphelile, izonikeza abasebenzi izikhala zokuphefumula nokunethezeka.

Ukukhononda kuhle kodwa kumele sifunde ukulinda sibone ukuthi kwenzekani uma sesikhonondile. Hhayi kabi, siyadinga ukusolwa kahle khona sizothuthukisa isibhedlela sethu.

Bongani abaphathi ngomsebenzi omuhle!